Isifundo 1

**Nhlangulana 29-Ntulikazi 5*

UNkulunkulu Wadala…

NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:
Genesise 1-3, Izenzo 17:28, amaHubo 148, amaHubo 24:1, Gen. 4:1-9, Math. 22:37-39, iSambulo 14:7.

Indimana Yekhanda:
"Ocindezela ompofu usola uMenzi wakhe, kepha onomusa koswelayo uyamdumisa" (Izaga 14:31).

Wake wasebenza wakha okuthile, mhlawumbe umdwebo noma okubaziwe, noma ukupheka, noma okunye okudinga ubuciko—uthole ukuthi lo omuphe kona ukuphulile noma akakwamukeli? Uma kunjalo, ungaba nofifana oluncane ngalokho okweziwa uNkulunkulu mhla wayedala lomhlaba, wanika abantu ukuphila, ngemuva kwalokho wabona lokho abekwenzile konakaliswa yisono. IBhayibheli lithi umhlaba wadalwa ngokucophelela, wadalwa "waba muhle kakhulu." Ukuthi uNkulunkulu wezwa kanjani ngendalo yaKhe kubonakala emlandweni wokudalwa kuGenesise 1 no 2. Indaba yokuwa komuntu kuGenesise 3 simelwe ukuyifunda ngokuqondene nalezahluko nokwephuka kwenhliziyo kaNkulunkulu ngesikhathi ebhekana nabantu abadalile. Okumangalisayo, ukuthi lomhlaba uyaqhubeka ukuba yinto uNkulunkulu ayithandayo, yize sekwedlule izinkulungwane zeminyaka yesono, udlame, ukungabikho kobulungiswa, kanye nohlubuko. Okumangalisa nakakhulu ukuthi, nakuba uNkulunkulu waqamba icebo lokuhlenga nokudala kabusha umhlaba, usinikile thina abakholwayo, esimelwe ukukwenza ukuze kufezeke amacebo aKhe abanzi. Yebo, thina samukela umusa waKhe; kodwa, kulomusa esiwuphiwe, sinikwe umsebenzi esimelwe ukuwenza njengabasebenzisana neNkosi yethu. Yeka lowo msebenzi obalulekile nongcwele!

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 6.*

UNkulunkulu: Ufifana Lwendalo

Lomhlaba, nakho konke okuphilayo okukuwo, ukuphila kwethu nesikwenza ngakho, izimpilo zalabo abasizungezile, nokuthi sixhumana kanjani nabanye, ukuphila qobo lwakho, nokuthi kungaphilwa kanjani ngendlela okuyiyona enhle kakhulu—konke lokhu kuqala ngoNkulunkulu, "ngokuba siphila, sihamba, sikhona kuye," (Izenzo 17:28). Nakhu lapho kuqala khona indaba yeBhayibheli: "Ekuqaleni, uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba" (Gen. 1:1). Ukuthi wakhuluma, kwabakhona, kukhomba amandla nohlelo esingakwazi nokucabanga ngawo. Kodwa nokho, uNkulunkulu akadalanga eqhelile; wayezibandakanye ngokusondelene, kakhulukazi uma esedala umuntu wokuqala (bheka uGen. 2:7).

Funda indaba yokudalwa kwabantu bokuqala kuGenesise 1:26-31. Zinto zini ezibalulekile esizitshelwa lapha ngoNkulunkulu? Sitshelwa zinto zini ezibalulekile ngabantu?

_____

_____

Kuvame ukuthiwa kuningi esingakufunda ngoNkulunkulu ngokuthatha isikhathi sibuke imvelo nendalo yaKhe, sibone kuyo ufifana lwesimilo soMdali uqobo. Kodwa singabona futhi ufifana ngokuthi uNkulunkulu wawudala kanjani umhlaba ngokuhlolisisa indlela esimqonda ngayo uNkulunkulu uqobo. Isibonelo: uma uNkulunkulu enguNkulunkulu onohlelo, singalindela ukuthola uhlelo endalweni yaKhe. Noma uma sikholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu onobuciko, ngeke kusimangalise ukuthola izibonelo ezimangalisayo zalobo buciko emhlabeni awenzile.

Ngokunjalo, sikholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wobudlelwane, ngakhoke, sithola ubudlelwane buyingqikithi bendlela uNkulunkulu ahlanganisa ngayo umhlaba. Wadala ingxenye ngayinye yomhlaba yalingana ngokufanelekile nayo yonke indalo. Wadala izilwane zaba nokuphilisana okufanelekile. Wadala abantu nobudlelwane naYe, nabanye abantu, kanye nendalo yonke. Nakuba ulwazi lwethu ngoNkulunkulu lusilela ngezindlela eziningi, lokho esikubonayo esimilweni saKhe kumelwe kusikhuthaze ukuba sicabangisise ukuthi umhlaba bekufanele ube njani.

Kulusizo olungakanani olwazini lwakho ngomhlaba ukubona ukuthi uyisibuko sesimilo sikaNkulunkulu, yize udlavazwe yisono ngendlela enjena na?

_____

_____

Umhlaba Ophelele

Kulula ukuzizwa ukhumbula ikhaya laseEdeni. Kukhona okuthile encazelweni emfushane yensimu eyadalwa uNkulunkulu njengekhaya lika Adamu noEva, okwenza ukulangazelela ezinhliziyweni zethu. Singeqonde ukuthi umhlaba onjalo wawusebenza kanjani, kodwa sizizwa sifisa ukuzizwela wona.

Kuyabonakala ukuthi ukweneliseka nokuphelela kwakuyizinto azizwa ngayo uNkulunkulu: "uNkulunkulu wabona konke abekwenzile ukuthi kuhle kakhulu" (Gen. 1:31). UNkulunkulu wenza okuhle nokulusizo. Kwakukuhle ngezinga eliphezulu ngendlela okwakuhlelwe ngayo nangendlela okwakusebenza ngayo. Kwakugcwele impilo nemibala, kodwa futhi kwakugcwele yonke into edingekayo ukuze kuchume impilo. Akumangalisi ukuthi uNkulunkulu wayelokhu ethatha ikhefu encoma lomhlaba awenzayo ukuthi muhle.

Funda kuGenesise 1. Ucabanga ukuthi kusho ukuthini ukuphindaphindwa kwamazwi athi "uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle"? Bheka uGenesise 1:4, 10, 12, 18, 25, no 31.

_____

_____

Nakuba lonke iBhayibheli labhalwa ngemuva kokuwa komuntu, ligcwele ukutuswa komhlaba wemvelo, njengakuJobe 38 kuye ku 41, neHubo 148. Futhi asikhumbule ukuthi lokhu akubhaliwe ngenjongo yokubheka emuva ukuthi wawunjani umhlaba usanda kudalwa singakangeni nesono; kwabhalwa ngesikhathi samanje, kuhalalisela ubuhle obusabonakala namanje emhlabeni wethu.

NoJesu wayekhuluma ngezibonelo zokulunga kukaNkulunkulu nokunaka kwaKhe, ethathela emhlabeni wemvelo (bheka kuMathewu 6:26, 28-30 njengesibonelo), encoma ukwethembela kwethu kuNkulunkulu nokuthakasela izipho ezincanyana ezisizungezile ezimangalisayo. Uma sivula amehlo ethu sibuka izimangaliso zendalo, sizobona ukuthi nangempela siphiwe izipho ezimangalisayo, zivela kuMdali wethu. Ukusabela kwethu, ngisho noma sibhekene nezilingo, kufanele kube ukubonga nokuzinikela ngokuzithoba kuMuphi wezipho. NjengamaSeventh-day Adventist—abantu abagubha ukudala kukaNkulunkulu nabalindele ukufika kombuso kaNkulunkulu—sidinga ukuqonda ukuthi ubuhle, intokozo, nokulunga esikubonayo nesikuzwayo emhlabeni kusitshengisa kalufifinje ukuthi umhlaba wethu wake waba njani, nokuthi uyobuye ube njani.

Ekuphileni kwakho emhlabeni, yini oyithakasela ngokukhethekile ngezimangaliso zendalo? Empilweni yakho yansuku zonke, ungenza kanjani ukwazi uNkulunkulu kangcono ngezimangaliso zomhlaba wemvelo?

_____

Izinceku Ngomhlaba

Ngokusho kweBhayibheli, insimu yaseEdeni nomhlaba owawusanda kudalwa, kwakuyizindawo zenala, zidalelwe ukuthi impilo ichume, ukuze abantu ngokukhethekile, bazithokozise. Kodwa uNkulunkulu wabuye wanika owesilisa nowesifazane bokuqala—nathi sonke esasizolandela—indima okufanele bayidlale kulendalo yaKhe. Kusheshe kuvele obala—hhayi ngoba-nje kuyindlela adala ngayo—ukuthi uAdamu noEva babezokuba nesikhundla esikhethekile kulomhlaba omusha. UAdamu waqala wanikwa umsebenzi wokuqamba izilwane nezinyoni amagama (bheka uGen. 2:19). Wase enikwa enye indima, eyavela njengesibusiso esivela kuNkulunkulu uqobo: "uNkulunkulu wababusisa, wathi kubo, 'Zalanani nande; nigcwalise umhlaba niwunqobe. Nibuse phezu kwezinhlanzi ezisolwandle, nezinyoni ezisemoyeni, naphezu kwazo zonke izidalwa eziphilayo emhlabeni' " (Gen. 1:28).

Funda, uqhathanise uGenesise 1:28 no 2:15. Ungawuchaza kanjani umsebenzi owanikwa abantu ngomusho owodwa noma emibili?

_____

_____

Izikhathi eziningi emlandweni wobuKrestu, uGenesise 1:28 usetshenziswa abanye abantu njengemvume yokusaphaza, kuze konakale umhlaba. Yebo, ngokusobala umhlaba wadalwa ukuze abantu baphile kuwona, bahlomule, futhi bazithokozise. Kodwa umsebenzi wabantu "ukulima nokugcina insimu" ngokusho kuka Genesise 2:15. Uma sikhuluma ngobunceku, umcabango ofika kuqala kuvame ukuba yimali, kodwa umyalo wokuqala wobunceku eBhayibhelini ukunakekela umhlaba owadalwa uNkulunkulu, wasiphathisa wona. Umyalo owanikwa uAdamu noEva wabona ngaphambili ukuthi emhlabeni kuyohlala nezingane zabo kanye nezizukulwane eziyolandela. Ngokwecebo lasekuqaleni mayelana nomhlaba, umhlaba wawuzoqhubeka ube umthombo wokuphila, nezinto ezinhle kubo bonke abantu, futhi uAdamu noEva babezokuba neqhaza elikhulu ekuwunakekeleni.

Umhlaba namanje usengokaNkulunkulu (bheka iHubo 24:1), thina sisabizelwe ukuba yizinceku zakho konke esikunikwe uNkulunkulu. Mhlawumbe singasho nokuthi kulomhlaba owele esonweni, umsebenzi wethu mkhulu nangokwedlulele.

Kusho ukuthini kuwena ukuba yinceku ngomhlaba namhlanje, ezweni eliwele esonweni? Ukwazi lowo msebenzi kunamthelela muni endleleni ophila ngayo usuku ngosuku?

_____

Umhlaba Owonakele

Into eyodwa uNkulunkulu ayinika uAdamu noEva, angayinikanga konke okunye, inkululeko yokuzikhethela. Babekwazi ukuzikhethela ngendlela izitshalo, izilwane, nezihlahla ezazingeke zikwazi ukukwenza lokho. UNkulunkulu wayibona njengegugu lenkululeko kangangoba wakwamukela ukuthi abantu baKhe bangase bakhethe ukungalaleli. Ngokwenze njalo, wabeka engcupheni konke ayekudalele inhloso enkulu yobudlelwane nezidalwa zaKhe ezingabantu obesekelwe phezu kothando nokuzikhethela. Kodwa kwakukhona nomonakalisi (lenkululeko yokuzikhethela zazinayo nezingelosi), lowo owayefuna ukona umhlaba omuhle nophelele owadalwa uNkulunkulu, wafuna ukusebenzisa izidalwa ezikhethekile zikaNkulunkulu emhlabeni—abantu—ukwenza lokho. Esebenzisa inyoka, uSathane wafaka ukungabaza ngokuphelela nokwenela kwalokho uNkulunkulu ayekuhlinzekile (bheka uGen. 3:1-5). Isilingo esasihamba phambili kwaku ukufisa okungaphezu kwalokho uNkulunkulu ayebanike kona, ukungabaza ukulunga kukaNkulunkulu, nokuzethemba bona. Ngalokho kukhetha kwabo nesenzo sabo, ubudlelwane obabubalulekile endalweni ngokwecebo likaNkulunkulu, banqamuka. UAdamu noEva abazange besabujabulela ubudlelwane noMdali wabo ababedalelwe bona (bheka uGen. 3:8-10). Labantu ababili baqala babona ukuthi bahamba-ze, baba namahloni, nobudlelwane babo bobabili baguquka ngendlela eyacishe yangelapheka. Ubudlelwane babo nomhlaba wonke nabo baba phansi kwengcindezi, banqamuka.

Funda kuGenesise 3:16-19. Lezindimana zisitshelani ngobudlelwane obungasafani phakathi kwabantu nomhlaba na?

Ngenxa yesono, ukuphila kwaphenduka kwaba lukhunyana kuAdamu, uEva, nendalo yonke. Imiphumela yesono yinto ekhona ngempela, kakhulukazi ngokuthintene nabantu nobudlelwane bethu. Ngamanye amazwi, siqhelile kuNkulunkulu uMdali wethu. Imindeni yethu nayo iyachaphazeleka ngezindlela eziningi kanti ubudlelwane bethu nabanye abantu buyinkinga. Size sibe nenkinga nanobudlelwane bendawo esiphila kuyo, kanjalo nomhlaba. Yonke imikhakha yempilo yethu nomhlaba wethu itshengisa umonakalo obangelwe yisono. Kodwa uNkulunkulu akawudalelanga ukuba njalo lomhlaba. Iziqalekiso eziku Genesise 3 nazo ziza nesithembiso sokuthi uNkulunkulu uzokwenza indlela yokuwudala kabusha umhlaba, alungise ubudlelwane obonakaliswe yisono. Uma siqhubeka nomzabalazo wesono nemiphumela yaso empilweni yethu, sinxuswa ukuba siqhakambise ubuhle bakuqala bomhlaba, sifune ukuphila ngendlela yokuthi kubonakale icebo likaNkulunkulu ngalomhlaba.

Ukuxhumana Komndeni Wabantu

Ngokungena kwesono, akuthathanga isikhathi eside ngaphambi kokuthi umhlaba ungene kakhulu obishini. Ngokuqhutshwa umona, ukungaboni ngaso linye, nolaka, isidumbu sokuqala saphuma phakathi kwezelamani zokuqala emhlabeni. Uma uNkulunkulu ebuza uKayini ngesono sakhe, impendulo yakhe ayidinganga ncazelo—"Ngingumlindi womfowethu yini?" (Gen. 4:9)—kanti impendulo equkethwe umbuzo kaNkulunkulu wokuqala yayithi: "Yebo, ngokuqinisekile, ungumlindi womfowenu."

Funda Izaga 22:2. Aquketheni lamazwi? Asitshelani ngobudlelwane bethu nabanye abantu na?

_____

_____

_____

Wonke umuntu esihlangana naye esinye isidalwa sikaNkulunkulu, esidalwe ngokomfanekiso waKhe, futhi uyinxenye yokuxhumana kobudlelwane obusixhumanisa sonke kulendalo kaNkulunkulu, yize noma bephuke ngalendlela. "Sonke sixhunyaniswe yintambo yobuntu. Ububi obehlela noma iyiphi inxenye yabafowethu nawodadewethu, busifaka engozini sonke."—Ellen G. White, *The Ministry of Healing*, ikhasi 345. Noma uyathanda noma awuthandi, ngenxa yalokhu kuxhumana kwethu sonke, sinokuziphendulela kuNkulunkulu nakwabanye abantu (bheka uMath. 22:37-39).

Kulo lonke iBhayibheli, kuhlale kuvela njalo ukuthi uNkulunkulu unguMdali wethu. Isibonelo: esinye sezizathu sokuthi sikhumbule iSabatha (bheka iSamb. 14:7). Futhi yisizathu esimqoka sokuthi sinakekele abanye, sibe nomthwalo ngabahluphekayo. Sonke sixhunyaniswe ukuthi sisuka ndawonye kuNkulunkulu. "Ocindezela ompofu usola uMenzi wakhe, kepha onomusa koswelayo uyamdumisa" (Izaga 14:31). Lokho kuxhumana kucace bha. UNkulunkulu njengoMdali wethu, unelungelo lempilo yethu ngokuphelele, okuhlanganisa ukukhonza kwethu nokunakekela abanye. Noma kungaba lukhuni kangakanani, noma ube uhlupho olungakanani ngezinye izikhathi, noma kunjalo, "singabalindi bomfowethu."

Ucabanga ukuthi yini indaba amalungelo kaNkulunkulu njengoMdali elokhu evela njalo eBhayibhelini? Kubaluleke ngani lokhu, futhi leliqiniso kufanele libe namthelela muni endleleni esiphatha ngayo abanye abantu na?

_____

Ukujula Nomcabango:

Funda encwadini ka Ellen G. White, *iPatriarchs and Prophets* isihloko esithi: "The Creation," amakhasi 44-51. "UNkulunkulu uluthando…isimilo saKhe, umthetho waKhe, uthando. Kwakuvele kunjalo; koyolokhu kunjalo. 'Lowo ophakeme, ohlala kweliphakade,' ozindlela zaKhe ezaphakade,' akaguquki. Akukho ukuphenduphenduka kuYena, nethunzi lokuguquka.'… "Konke ukubonakaliswa kwamandla okudala kutshengisa uthando olungelinganiswe. Ubukhosi bukaNkulunkulu buhlanganisa ukugcwala kwezibusiso kubo bonke abadaliweyo."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, ikhasi 33. "Ukuba abantu bebengenza okuwumsebenzi wabo njengezinceku ezithembekile ngezimpahla zeNkosi yabo, bekungeke kube khona abakhala ngendlala, abahluphekayo, abahamba-ze beswele. Ukungethembeki kwabantu okwenza kube khona ukuhlupheka okucwilise abantu…. uNkulunkulu wenze abantu izinceku zaKhe, angebekwe icala ngokuhlupheka okukhona, usizi, ukuhamba-ze, nokweswela kwabantu. INkosi yenze umhlinzeko owanele wabo bonke."—Ellen G. White, *Welfare Ministry*, ikhasi 16.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Bhekisisa kahle lamazwi angenhla avela kuEllen White. Uthini? Uthi ubani ngempela onecala ngokuhlupheka okungaka esikubonayo? Lokhu kumelwe kusitsheleni ngokubaluleka kobunceku ngokwethembeka?

2. Ngemuva kwezinkulungwane zeminyaka yomonakalo owenziwe yisono, kungenzeka kanjani ukuthi sibubone namanje ubuhle bendalo? Njengabantu abakholelwa kuNkulunkulu onguMdali, yini esingayenza ukusiza abanye ukuba babone ubuhle bendalo yaKhe?

3. Lithini kuwena igama elithi ubunceku? Kukhona yini okuthile esifundweni saleliviki okwandise ukucabanga kwakho ngokuthi kusho ukuthini ukuba yinceku, kakhulukazi njengoba sibizwe nguNkulunkulu?

4. Bekungayiguqula kanjani indlela esinobudlelwane ngayo nabanye abantu ukuba besingabona uphawu kuwo wonke umuntu esihlangana naye, olusikhumbuza ukuthi lowo muntu "udalwe uNkulunkulu ngomfanekiso waKhe, futhi uyamthanda"?

Ngokufingqiwe: UNkulunkulu wadala umhlaba omuhle nophelele, wabeka abantu, abadalwe ngomfanekiso waKhe, ukuba "banakekele" indalo yaKhe. Nakuba isono sanqamula ubudlelwane uNkulunkulu ayehlose ukuthi sibe nabo, sisenayo indima esingayidlala njengezinceku zobuhle bendalo, nabalondolozi babanye abantu. Ukufeza lendima enye indlela esingadumisa ngayo uNkulunkulu njengoMdali wethu.